

INKOKHELO NGOKWESIGAYO

2018


RELATIVE PAYMENT

- **Ehlobo** umoba ukhula ngokushesha okwenza ushukela ogcinwa isitshalo ube muncane.
- **Ebusika** umoba uyaphuza ukukhula okwenza ushukela ogcinwa isitshalo ube muningi.

Ngakhoke:-

- Uma isigayo sesivulwa ngoMbasa (April) ubushukela busuke buphansi emobeni.
- Kodwa ngoMandulo/Mfumfu (Sept/Oct) ubushukela busuke buphezulu emobeni.
- NgoZibandlela (Dec) uma sekubuye ihlobo ubushukela bomoba bubuye behle futhi.

Ubushukela emobeni



INKOKHELO NGOKWESIGAYO

RELATIVE PAYMENT

Lokhu kuchaza ukuthini?

- Umoba othunyelwe esigayweni uma sivulwa noma sesivalwa ngoZibandlela (Dec) usuke unobushukela obuncane.
- Umoba othunyelwe esigayweni ngoMandulo/Mfumfu (Sept/Oct) unobushukela obuphezulu.

Indlela isigayo esikhokhela ngayo

- Isigayo siyabahlawula abalimi abathumela umoba wabo ngesikhathi ubushukela buphansi (Dec).
- Isigayo siyabuyekeza inkokhelo kubalimi abathumela umoba ngesikhathi ubushukela buphezulu (Sept/Oct).

Imiphumela yalokhu

- Akekho umlimi olahlekelwayo.
- Akekho umlimi ozuza kungafanele.

Indlela isigayo esikhokhela ngayo
yakhiwe ukuze inzuzo icazwe
kahle kubalimi.

INKOKHELO NGOKWESIGAYO

RELATIVE PAYMENT

Yenziwa kanjani le ndlela?

**Indlela yokukhokhela abalimi
ngohlelo Iwe-RV**

RV% =

Isilinganiso
sikashukela
esifakwe
abalimi
ngesonto

-

isilinganiso
sikashukela
sesigayo

+

Isilinganiso
sikashukela
esijwayelekile
ngaleyonkathi



**Ikomiti labalimi elihlanganise
nabamele isigayo lithatha
isinqumo sokuthi ubushukela
bomoba ngaleso sikhathi
kumele bubekwe kuliphi
izinga.**

INKOKHELO NGOKWESIGAYO

RELATIVE PAYMENT

Isibonelo:

RV% =

Isilinganiso
sikashukela
esifakwe
abalimi
ngesonto

isilinganiso
sikashukela
sesigayo

Isilinganiso
sikashukela
esijwayelekile
ngaleyonkathi

Isilinganiso sikashukela esijwayelekile
ngaleyonkathi = 11%

(Ikomiti labalimi elihlanganise nabamele
isigayo elithatha lesinqumo)

Mbasa (kuqala inkathi yokuhlahla)

Iviki	Umlimi	Isigayo	Inkathi	RV%
1	9.1	- 8.6	+ 11.0	= 11.5
2	8.3	- 8.4	+ 11.0	= 10.9
3	10.1	- 9.2	+ 11.0	= 11.9
4	8.5	- 7.8	+ 11.0	= 11.7
Av	9.0	- 8.5	+ 11.0	= 11.5